## ISIQEPHU A

### INDABA

1. Funda izihloko ezilandelayo bese ukhetha **ISIHLOKO ESISODWA** kulezi ezilandelayo bese ubhala ngaso kufike emagameni angama -190 kuya emagameni angama – 240.

1.1 Isikhathi sesishintshile nabazali kumele bashintshe indlela abakhulisa ngayo izingane zabo. Bhala indaba yakho evumela noma ephikisa lo mbono.

**(50)**

**NOMA**

1.2 Indlela izinga lezingozi zomgwaqo elikhuphuka ngalo liyesabeka. Ake ubhale uxoxe ngobubi bezingozi zomgwaqo nokuthi singazigwema kanjani.

**(50)**

**NOMA**

1.3 Abanye abafundi abaningi bayathanda ukubamba amatoho (ukusebenza) besafunda isikole ukuze benze imali ethe xaxa. Bhala indaba yakho ezoveza ubuhle nobubi bokusebenza usafunda isikole.

**(50)**

**NOMA**

1.4 Bhala indaba yakho ngesaga esithi, "Ithendele elisuka muva likholwa izagila".

**(50)**

**NOMA**

1.5 Bhala indaba egcina ngamagama athi, " .....ngasinda kanjalo ke".

**(50)**

**NOMA**

1.6 Buka lezi zithombe ezilandelayo bese ukhetha ESISODWA ubhale ngaso indaba. QAPHELA ukuthi indaba yakho uyinika isihloko esihambelana nesithombe.

## ISIQEPHU B

**2. Khetha ISIHLOKO ESISODWA kulezi ezilandelayo bese ubhala ngaso kufike emagameni angama-80 kuya kwayi-100.**

2.1 Ephephandabeni Isolezwe LangeSonto mhla ziyi-9 Novemba 2013 kuvele isikhangisi seSizigqaja ngamasiko Limited. Abale nkampani bafuna abafundi abafuna umsebenzi wamaholide kaDisemba. Bhala incwadi yokufaka isicelo somsebenzi.

**(30)**

**NOMA**

2.2 Umalumekazi wakho ushone emva kwengozi yezimoto eyenzeke ngempelasonto edlule. Manje umalume wakho ukucele ukuba ubhale uMlando kamalumekazi wakho njengoba uhlale naye isikhathi eside.

**(30)**

**NOMA**

2.3 Uthole iposikadi elivela kumngane wakho osahlala eGhana. Uthe bazovakashela eThekwini nabazali bakhe. Umngani wakho ukucela ukuba umphekale ukudla okwehla esiphundu. Bhala iResiphi yokudla ozomlungisela kona.

**(30)**

**NOMA**

2.4 Intsha yangakini lapho uvela khona ikumemile ukuba uze emhlanganweni okhuthaza intsha nogqugquzela iqubekela phambili. Bakucelile ukuba nawe usike elijikayo ngamazwi athile. Bhala inkulumo elungiselelwe ozoyethula kulo mbuthano.

**(30)**

**NOMA**

2.5 Baqinisile abathi icala limbula ingubo lingene, kufike amaphoyisa anihlola athola, isikhali esikhwameni sakho. Bhala ingxoxo phakathi kwakho nephoyisa, uMadlala umchazela ukuthi wena kawazani nalesi sikhali.

**(30)**

**NOMA**

2.6 Buka izithombe ezisekhasini elilandelayo bese ukhetha ESISODWA ubhale ngaso INGXOXO. Yiphe isihloko esizohambelana nesithombe sakho.

## ISIQEPHU C

**3. Khetha isihloko ESISODWA kulezi ezilandelayo bese ubhala ngaso kufike enagameni angama-60 kuya kwangama-80.**

3.1 Impela ukuhamba ukubona. Uthe uvakashele elinye lamazwe asenhla neNenyakatho wathola ukuthi indlela yokuxhumana isezingeni eliphansi wabe sewuphoqelelka ukubhala iPhosikadi wazise abazali bakho ngohambo lwakho. Bhalela ubaba/umama wakho IPHOSIKHADI.

**(20)**

**NOMA**

3.2 Emsebenzini bakuthumele eGibhithe ukuyomela inkampani oyisebenzelayo, inkinga awuboni uzokwazi ukuphothula umsebenzi ngesikhathi. Bhalela umphathi wakho i-emeyli umazise ngalokho nesizathu bese bekulungisela amanye amathikithi okubuya.

**(20)**

**NOMA**

3.3 Kumphathi wakho omusha usukhombise ubuhlakani nokusebenza ngokuzimisela yize ungumsebenzi wetoho. Umphathi ukucele ukuba ubhale iMemo wazise abasebenzi ngezinguquko zokungena emsebenzini(amashifti). Bhala iMemo wazise abasebenzi ngalezi zinguquko nokuthi ziqala nini.

**(20)**

**NOMA**

3.4 Ungumfundi obambe iqhaza elikhulu kwezemidlalo esikoleni. Umqeqeshi wakho ukucele ukuba uthumele isikhahlamezi eHlahlindlela High ubazise ngezinguquko mayelana nomdlalo ebenizoba nawo. Bhala ifeksi.

**(20)**

**NOMA**

3.5 Wamukele ucingo lwasendlini obelufuna umama wakho ngomunye womama basesontweni. Lo mama obeshayile ube eseshiya umyalezo kuwe nokumele uwudlulisele kumama. Bhala umyalezo.

**(20)**

**ISAMBA SESISONKE: 100**